**AMAZWI KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMKHULEKWENI WOKUKHUTHAZA UKUBEKEZELELANA KWEZEPOLITIKI NOKULWA NOBUGEBENGU KWA-NONGOMA MHLAKA 30 SEPTEMBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
Amalungu eSishayamthetho;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
IMeya yesiFunda saseZululand;
Izimeya zaKwaNongoma nasoLundi;
Amakhansela akhona;
Izinduna zaMakhosi;
Abaholi bonke abamele amaqembu epolitiki;
Abaholi bezeNkolo;
Abamele izinhlaka ezahlukene zomphakathi abakhona;
Abombutho wamaPhoyisa nazo zonke izinhlaka zokugcinwa komthetho;
Abezindaba;
Abalandeli bamaqembu epolitiki wonke ameleleke lapha;
Abazalwane bonke okungenzeka bangabi semaqenjini kodwa abathanda ukuthula;
Ngiyanibingelela nonke ngithi sanibonani!

Masiqale ngokubonga kunina nonke ukuthi namukele isicelo sethu sokunimemela kulo mkhuleko esiwuthatha njengobaluleke kakhulu emkhankasweni wethu wokugcina ukuthula nokulwa nobugebengu ngaso sonke isikhathi esifundazweni sethu.

Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje kuwumphumela wemizamo eqale kusukela ngo-March walo nyaka, ngenkathi uHulumeni wesifundazwe ethula uhlelo lokuqhakambisa ukubaluleka kokubekezelelana kwezepolitiki esifundazweni sakithi ngesikhathi sokhetho loHulumeni basekhaya obelungo-May nangemuva kwalo.

Lokhu kwakulandela ukubona izigameko zokusatshiswa nokubulawa kwabantu okwakubonakala kungase kwenze singabi nokhetho olukhululekile. Emhlanganweni owabizwa uHulumeni wesifundazwe, uholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize mhla ziwu 10 ku-March 2011, savumelana ngokuthi kusungulwe ikomiti elihlanganisa wonke amaqembu epolitiki, abakwa-Independent Electoral Commission (IEC), nobuholi bendabuko nobezenkolo.

Amaqembu abe esezibophezela kabusha emgomweni wokuziphatha ngokhetho esithi i-Electoral Code of Conduct. Azibophezela ekukhuthazeni ukubekezelelana kwezepolititki, ukuthula nenkululeko yokuzikhethela nokuzihlanganisa neqembu lepolitiki olithandayo ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo.

Ikomiti labe selibeka phambili izindawo ezithile lapho kunesidingo esiphuthumayo sokuba uHulumeni angenelele kuzona ngenxa yomsindo nezinxushunxushu ezibangelwa ukhetho. Lezo zindawo zihlanganisa nale ndawo yasoLundi naKwaNongoma.

Ngithanda ukuthatha leli thuba ngisho ukuthi egameni likaHulumeni nabantu bonke baKwaZulu-Natal, ikakhulukazi balapha oLundi naKwaNongoma, sikubonga kakhulu ukubambisana esikubonile ngemuva kokuqalwa kwalolu hlelo lwaleli komiti. Abantu balapha namaqembu epolitiki bakhombisa okukhulu ukuvuthwa kwezepolitiki manje.

IKhabhinethi yaKwaZulu-Natal iye yanquma ukuthi leli komiti liqhubeke nomsebenzi walo ukuze kuqiniswe intando yeningi esifundazweni sethu.

Enye yezinto esibone ingasilekelela kakhulu kulolu hlelo lwethu iyo le esihlanganise namuhla yokuba sibe nama-rally okukhulekela ukuthula. Okusempeleni siqale ukuba nalolu hlobo lwenkonzo ngaphambi kokhetho loHulumeni baseKhaya, esasiyenze laphaya eMatimatolo, e-Greytown, nayo eyaba yimpumelelo enkulu yahanjelwa ngabantu abangaphezulu kuka-7000.

Sibe sesinquma-ke ukuthi njengoba usaqhubeka umsebenzi wekomiti, sizohambela zonke lezi zindawo ebesingenelela kuzona senze imikhuleko yalolu hlobo. Siqale laphaya eMtshezi/ Mbabazane ekuqaleni kwale nyanga njengoba silapha namhlanje. Sinxusa uMdali ukuba naye angenelele ekutheni kube nokuthula esifundazweni sethu.

Uma senza lama-rally okukhululeka siyaye sikhuthaze abantu bezinhlangano ezahlukene ukuthi bakhululeke beze begqoke imifaniswano yamaqembu abo. Lokhu sikwenza ukuze wonke umuntu abone ukuthi ayikho inkinga ngokuba sendaweni eyodwa nomuntu welinye iqembu.  Sithi abantu abaluhloniphe usikompilo lokubekezelelana.

Asibulalani uma omunye eyi Kaizer Chief, omunye eyi-Pirates, noma kungakucasula kanjani ukuthi namhlanje wena uhluliwe, uma ube neshwa lokuhlulwa.  Kwenziwa yini pho kwezepolitiki singabi nako ukuqonda okufanayo?

Njengoba sihlangene lapha nje siqhamuka emabandleni ezenkolo ahlukene kodwa lokho akusivimbi ukuba sihlanganyele ndawonye. Ngisho nasemindenini yethu kuyenzeka sihlukane ngamabandla esikhonza kuwona. Kodwa asikaze sizwe sekuthiwa abantu abasangenelani ngoba omunye engasonti ebandleni lomunye.

Manje siyaye sizibuze-ke ukuthi pho lapha kwipolitiki kusuke kungasebona yini abantu abafanayo laba abasuke sebekwebhana ngenxa nje yokuthi omunye ulandela iqembu lepolitiki elehlukile kwelomunye?

Ukhona yini umuntu ongazishaya isifuba ngokuthi uyazuza ngokuphehla udlame bese kufa abantu? Ukhona yini umuntu ongazishaya isifuba ngokuthi uzuze izidumbu, amagqubu nenzondo okudalwa wudlame?

Siyakholwa-ke ukuthi abaholi bakithi bezenkolo bazoqhubeka babambe iqhaza elikhulu ekushumayeleni ivangeli lokuthula nokuphepha. Sikholwa ngukuthi izinhlaka zezenkolo ziyinsika yomphakathi njengoba zinomthelela omkhulu ekulungisweni kwezimilo zabantu.

Olunye udaba okumele singalushiyi ngaphandle uma sikhuleka yilolu lokubulawa kwamaphoyisa – abavikeli bethu. Ukubulawa kwamaphoyisa sikuthatha njengokubeka umbuso engcupheni ngoba uma kubulawa abavikeli bomphakathi kusho ukuthi izwe lethu lizogcina lingaphephile nhlobo.

Ngakho-ke siyakudinga ukubambisana nani njengemiphakathi ukuze silwe impi yobugebengu.

Ukwehla kwezibalo zobugebengu esikubone kumenyezelwa nguNgqongqoshe wamaPhoyisa kuzwelonke uMnuz Nathi Mthethwa phambilini kule nyanga kuyasijabulisa.

Kodwa futhi kusiphonsela inselelo yokuthi sisebenze kakhulu ukuze senze kangcono ngonyaka ozayo. I-graph yokwehla kobugebengu kumele iqhubeke ibheke phansi.

Sikhuthaza amaqembu wonke epolitiki ukuba asebenzise imikhankaso nemihlangano yawo emiphakathini ukuba kukhulunywe nangezindaba zokulwa nobugebengu.

Masingakhohlwa nokuthi izigebengu ziyathanda ukucasha lapha emaqenjini ethu, zithi uma sezenza imikhuba yazo bese kwakheka isithombe sokuthi kunodlame lwezepolitiki endaweni kanti cha, ubugebengu nje qha.

Siyabonga nje futhi ngokuthi kulezi zindawo zakoNongoma sesibona ziphela nezimpi zemibango phakathi kwezigodi, nazo okuvame ukuthi kugcine sekucasha zona izinswelaboya kuzona ubone sekubulawa abantu noma izigodi sezikhumelene umlotha.

Kuyintokozo kumina ukuthi namhlanje ngithathe leli thuba ukuba ngethule iNhloko entsha yoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Ronald Bhengu engene ekuqaleni kwale nyanga ka-September.

UNgcolosi nguyena osezodudula impi yokulwa nobugebengu ngokulekelelwa ngamathimba esesiwatshale kuzo zonke izifunda eziyishumi nanye uma kuhlangene ne-Metro yeTheku.

La mathimba esiwabeka ezifundeni yiwona azokuba yizandla, izinyawo, izindlebe namehlo oMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. Konke okuthinta ubugebengu lapha eZululand nje kuzoba semahlombe aleli thimba bese likusebenza ngokubambisana okufanele namaphoyisa nezinhlaka zonke esisebenzisana nazo kulo mshikashika wokulwa nobugebengu.

Siyanxusa-ke ukuthi makube nokubambisana phakathi kwaleli thimba loMnyango, amaphoyisa, nemiphakathi, uma kunezimo ezixakile. Imiphakathi mayikhiphe ulwazi oludingekayo ukulekelela amaphoyisa ukuze kuboshwe izigilamkhuba.

Okokugcina, siyanxusa kubantu bakithi ukuba angabikhona ophoqa noma asabise omunye ukuba asekele iqembu lakhe manje. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi. Ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Phansi nezigilamkhuba, phansi! Phambili nokuphilisana kwamaqembu ahlukene ezepolitiki, phambili!

**Ngiyabonga.**